# ABAQASHI KUMELE BABAMBELELE OSUKWINI OLUNGUMNQAMULAJUQU UMHLA ZINGAMA-31 KUNHLABA 2023

**Tshwane, 29 kuNhlaba 2023** – uPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (uSARS) lugqugquzela bonke abaqashi ukuba bathobele izibophezelo zabo ngokomthetho mayelana Nesikhathi Sokubuyiswa Kwamafomu Entela Abaqashi ngosuku olungumnqamulajuqu lwamhla zingama-31 kuNhlaba ukuze bagweme izinhlawulo, inzalo kanye/noma amacala obugebengu.

Abaqashi kudingeka ukuba bathumele Ukudalula Uhlelomabhuku Lwezimali Konyaka Komqashi (EMP501) kwaSARS, kanjalo nokudalula kwanyanga zonke okusilele (EMP201) kanye nohlelomabhuku lonyaka konyaka owedlule (EMP501).

Izinkokhelo Zentela Ngokobungakomholo (i-PAYE) kumele zibe zenziwe ngesikhathi esifanele kanti nemininingo ye-IRP5/IT3(a) okuhlinzekwe kwaSARS kumele kube kuqinisekisiwe futhi kushaya emhlolweni. Imininingo eyiyo ibalulekile ukuze uSARS ukwazi ukuwahlanganisela amafomu okubuyisa intela uphinde uhlole ngokuzenzekelayo abakhokhintela abahlonziwe ngendlela eyiyo. Imininingo eyiyo iphinde ibaluleke lapho abakhokhintela kumele bathumele khona amafomu entela, ukuze bakwazi ukwenza lokhu ngolwazi oluyilo ngesikhathi sokubuyiswa kwamafomu entela omuntu, esizoqala kuNtulikazi 2023.

USARS ucela izisebenzi ukuba zibheke ukuthi imininingwane yazo eku-IRP5/IT3(a) iyiyo na.

Abantu besithathu abahlinzeka ngemininingo abafana nezinhlelo zokwelapha kanye namabhange nabo kudingeka ukuba baluqinisekise ulwazi nokuthi luyilo na kuSARS nakumakhasimende abo.

Lezi yizidingo ezisemqoka ezenza uSARS akwazi ukuhlinzeka usizo kalula nolungenazihibe kubakhokhintela ngokuhambisana nesunhloso lokwenza kube lula kubakhokhintela ukuba bathobele imigomo yezibophezelo zabo.

Abaqashi, izazi zentela kanye nabaphathi babasohlwini lwabaholelwayo kumele badawunilode iveshini yakamuva ye-Employers e@syFile. Lo mgudu we-inthanethi uvumela abaqashi ukuba bathumele ama-EMP501 abo ngezobuchwepheshe. USARS uphinde ukhuthaze amabhizinisi amancane (SMMEs) ukuba asebenzise le nkundla basuke ekusebenziseni indlela yakuqala basebenzise uhlelo lohla lwabaholelwayo oluzenzekelayo.

Ngolwazi olwengeziwe Ngesikhathi Sokubuyiswa Kwamafomu Entela Abaqashi, vakashela kusizindalwazi sakwaSARS www.sars.gov.za.